

S.419. (29) *Story of Ndababomvu and the Khuna tribe; faction fights within K13/21. AM/3/21. K13/21 F. Vilakazi.* #3  
the Shemba; and passions of boys. 1/12.

1. Izekwa undabomvu ka nyanda wakwa Sithole no Matshane Mabaso base ba Thenjini. Umatshane kade ake emacunwini.

Indaba ka Ndababomvu ka Nyanda ka Ngama wa kwaSithole ka Bande.

Izibongo zakhe:

Inkonjane yakithi esuke ukuqala izingwe zazilibele ukushosha umashova unina noyise ukwanyisa kwayo ukuthubula unina, Isiphanosami seqhe sabaleka asinjenga dladlama. Ngowa kwa Majola. Impkukane ngeyakhithi ezibindi bindi. Umafukuzela wakithi onjengesithotho sona kuze kwasa sifukuzela emnyameni. Izinkomo azidlelani nezaka Sholosholo nezika ntunusa obezalwa uJiza. Zadlelana nezika unqanjelwa obezalwa uGaqangana. Umafuza abeke kulintshelwe. Uma dleyedwa zibuthene. Isishishili sikababa ngisibona ngesabe, madoda kunzina.

2. Undababomvu lona owakwa Sithole yise lona owasebukhasini umfowabo ka Bande. Impeleni kwafanele indlu yakwabo yamukele ubukhosi noko kwathiwa ngoba unina kungowase khodlo ubukhosi kahle buthathe unina ka Bande kodwa noko uBande uyakwazisaloku ubonakalisa ngoba kuthena musukwana kushada uNdababomvu kwavela impi kwaba kwaSithole bodwa. Kwathi uMngwebu induna wabo ngela abafana bakhe base kuthokozeni uma befuna ukulwa nalaba base Ndabakusuka. Kuthena ngalolo lusuku nenkomi yakhona ngoba kushada umfana ka
3. Nyanda wakwaSithole uyise wayo inkosi. Kwathi emini umakati esese mufuleni kwezwakala ukuxokozela. Izinsizwa zilwa. Kwakuxabene uJumane ka Gabuza no Vela wakwa Sithole. Ngelinye ilanga uJumane wa Ishela intombi yakwa Dladla beyibanga nayo uVela manjena yathanda uVela intombi lena. Kuthena musukwana uVela eyakuyona kanti uJumane umugadile ngoba intombi eyanga kubo futhi. Uzwile ukuthi uyeza uVela. Kuthena uma uVela afika kanti uya mubona uJumane wayeselindela ukuthi kufike intombi leyo. Ithena ukufika kwaba ayifikile wathi ngiphuzile. Usedumela izinduku uVela zazi phansi. Usemushaya enkulu ingozi. Uthena ukwethuka wambona esebambe yona intombazane. Wavuka wazidumela izinduku uVela. Useyishaya lensizwa kuthena noko yase iyabaleka kuthena ukuba babonane njena ngomshado ka Ndababomvu wathi ngiphuzile uVela.
- 4.

- Sezimuhlanganyela izinsizwa zakwa Gabuza kwesika Mngwebu. Kuthem<sup>le</sup> kukuzwa uMngwebu wayebongela yena ebonga/zizinsizwa. Base behlukana phakathi. Kuthena uma isikhuzile inkosi uBande kwangathithi bayathula kuthena umasekuhlile; sekuphuma utshwala ngompongolo. Yadamelana kanzima esibayeni phezu kwayo inkosi impela ithena noma ithi iya khuza akwabe kuse nzeka. Kuthena laba bakwa Sithole babashaya bazebashaya nenduna yabo uMngwebu. Inkosi yathi ukubona loku yathukuthela kakhulu yase iyavalelisa ku Nyanda. Yathi nokusho, ngiyabona nyanda abafana baqode ukushaya mina. Uma sebashaya indna yami baqode mina Matshane. Yasuka nebala inkosi yabamba. Yabaleka lena yaba kwa Gabuza kuthena ngakusasa inkosi yabiza umkhandlu ngale ndaba. uNyanda yena akazange sphumelele ukuya ngoba wayesalinde umuthimba ekhaya. Ezinye izinduna zathukuthela ukuthi kungani uNyanda angaveli yena obeyi hlomisile eqode ukuba kubulawe uMngwebu nayo inkosi futhi. Manjena zashonokuthi kuhle makahlawuliswe ngoba naye ibikelwe lendaba. Isithu ela futhi inkosi kuyena uNyanda usethi uNyanda ngizwile wena wendlovu kababa angikwazi ukushiya umuthimba lapha wadwa. Kuthena kusasa kanti nayo inkosi ibisi thukuthela wafika wakuleka esengena emabaleni yethuka inkosi ngobaphela iyamazisa uNyanda. Uyena futhi uNyanda oyisizayo nase macaleni nomasekukubi phoke inkosi uBande uyamazisa uNyanda. Usethi uNyanda esebuya eqamba uNdababomvu izibongo sekuhwalele yangena futhi eyakwa Gabuza. Kulapho uNyanda nenododana yakhe uNdababomvu bakhombisa khona ubuqawe babo kwathi nekosi isizwa ngakusasa yavuna uNyanda. Namhlanjena uyazondeka uNyanda ngoba waziswa inkosi. Izinduna ziyamuzingela. Kwathi ukuba ilwe impi leyo kwafa munye kwaba kwa Gabuza abanye baba nezingozi ezimbi impela. Kuthena uma impi yabakwa Sithole izolwa naba Thembu abavuma abakwa Gabuza ukulwa naba Thembu. Okwenza laba baka Mngwaba bale ukulwa naba Thembu yingoba inkosi uBande engamuhlawulisanga uNyanda kanti kwaliwa emuzini wakhe kwalimala induna yenkosi, futhi yena uNyanda akaphuma ukuzolamula wathumela umfana ezwa kuliwa esibayeni. uNyanda wathumela uNdababomvu ukuyolamula lempi. Uthina ephuma endlini ephethe iwisa yase iwile induna naye uselekelela abakubolapho abakwa Sithole akasa lamuli.

8. Inkosi isimu biza uNdababomvu akasezwa yase ibamba seyehlulekile ukulamula nayo inkosi kwathi ukuba icitwe lena yakwa Gabuza yabuya eyakwa Sithole. Kuthena musukwana uBande esememezela okokungcina impi isazokulwa izinduna zahlangana zonke kumukhulu noko abonwanga uMngwaba. Use ithumela izigijimi inkosi ukunubiza. Usefika isimulandi sa inkosi phoke wesaba akwaba njengoba kađe ehhukuthele. Kuthena uma esyiphaka noko ayaphuma yonke lena yakwa Gabuza. Kuthena abanye bavinjelwa abamhlophe abaphumelela ukuya kulempi bona njalo abaka Mngwaba. Kwathi ukuba ihlangane emlabongwenya waboka uSithole
9. kuthena umaseliyo shona avuka ama Thembu. Kwase kuzwakala izibamu ngakuba Thembu zishaya abakwa Sithole. Kuthe ukuba babone ukuthi kubi abakwa Sithole bakhumuka babaleka nanamhlanjena ayibekani. Kuthi noma umuntu wakwa Sithole ehlwele kwa lase ba Thenjini angasho ukuthi ungowo khona akhombe kwezinye izindawo nabo aba Thembu benza njalo. Ihla iphehlana njalo njena.

Izinsizwa uma zeshela kwesinye isigodi zihamba ngoku nyenya.

- Futhi zihamba ngaziningi ngokwe saba izitha zazo. Uma kusesigodini sakubo zikhulu lekile iyahamba noma ngoyinye noma intombi ingayindle uma ingeyesinye isizwe ingenabo umatha bakuhamba nayo
- 10 insizwa incama ukuyiyeka intombi leyo ngobayazi ukuthi iyithuna yona. Nazo izintombi aziqomi ngayinye endaweni ngokwe saba ezinye ukuthi zoyihleka ziyishaye futhi. Namakholwa kuyafana ngoba nawo ayali biza iphasi uma kunentombi yakuwo eqoma kwenye indawo. Iphasi leli isivumelwana ukuthi intombi isiyaqoma. Umfana yena uzokhipha imali yezintombi phela kuqoma ngamabutho kuthi ezindala kube yizona ziqomela ezincane izintombi izona futhi ezifaka amasoka amaphasi. Amasoka woma imali ayinika ezinkulu izintombi yizona sezizoye hlukanisa kaningi ngokuthanda zithenge nama swidi nezingubo zokulala amasoka. Phela iningi imali ekhishelwa itshitshi intombi esaqala ukuqoma ezinye zibiza u£2.10.0. ezinye £3.0.0. njalo njena.
- 10.11 Nakuwona amakholwa kunjalo. Uma insizwa ingayikhiphi le mali kusho ukuthi uyayala intombi. Iye ibizwe insizwa noma eziningi njengo kweshela kwazo nokuqonywa kwazo lokukwenziwela ehlane ayi ekhaya kuye kudume uma intombi isiqomile nabazali bayo baye bayazi lendaba. Intombi kuzokuthi ngamhlawomusindo uma ungowo yenze ameva yenzele abase khabo nsizwa nentombi.

Seyi zocubuluzake nentombi ngezivovo nemishayelo konina bensizwa esezikuqoma kubili zikhipha incane imali noma u2/6d njena. Kuya ngokubiza kwe zintombi.

- 12 Manjena amakholwa ayaqonywa amabeshu nawo amabeshu kuyafana njena akuna incele loku. Kuthi izinsizwa zamabeshu uma zifudja ikholwa zegqoke nazo izingubo sengathi amakholwa kubona kale ngezindlebe kuphela kwesinye izikhathi kungabonakali ngobaziningi eziphendukayo zibuye zilahle ungabe usaqonda okuyikona. Nazo izintombi zamabayi ziyaqoka izingubo njengazo ezamakholwa izintombi. Ekuqaleni khokholo amakholwa ebahlanshwa impela noko manje sekufana njena. Noma kunempi amakholwa abengashaywa impela namhlanjena kuyafan nanjena. Noma impi sisvale izindlela abedlula amakholwa noma eya esontweni namhlanjena ngasho. Nomfundisi abamhhiyi. Kuthena agap ngempi yezindzela nama thelamali bamubulala umfundisi uNgubane kwelase Macunwini emhlangane engenacala nabo kwakungowase Church
13. lomfundisi. / Wathi noma ethi kahleni nini sikhuleke abamunika thuba umfundisi base bamubulala wayephuma eGreytown. Kwathi nesikole sakwa Dumakude savalwa ngempi yama thela nezindela nesonto lavalwa zonke izindawo avalwa amaningi amasonto kwathi nesonto elindume kakhulu aMathophiya lavaleka. Kwathi noko lephethwe uMnumzane u Mkizwana Dumakude. Mkizwane iyona inzalo ka Nondabula. Kwathi abantu baphenduka balala ezintabeni abanye bemuka bayokwakha ezikangala. Ongqweqwane Dumakude. Usanda kubuya jjena lapha kwelase ba ~~Ew~~ Cunwini. Ukulwa kwa Macunu ne zinye izigwe aba Thembu akusaqondakali okwamanjena. Kusukena bekuliwa ngemikhonto nezinduku na/mahawu kanye namawisa, nezagile. Manjena akusenjalo sekuliwa ngezibamu, ngemikhonto ngamawisa ngemimese, ngamavolovolo ngezinduku, ngezimbazo nangezagile. Kuthena bantu bangasabalala ngamusebenze. Ngezindawo ngezindawo babuya nezibamu akwezeki ukuthi bazitholaphi namavolovolo nemimese namawisa nezinkemba ngezinhlobo zezikhali. Lezi izibamu abantu bazithola ngasezi ngwenyeni ema Goli nase Dayimane. Banemingodi yazo lapho besibeka khona ukuze zinga banjwa. Kukekwathi ngomunye unyaka umnumzane uAlbert Dumakude wa fumaniseka esenesi bamu sakhe. Akavunanga ukuthi wasithathaphi. Kuthi ngamhlawomusindo zihlale zilungile. Sekukhona nomukhuba wokuthi abantu bahambe behlamile noma beyaphi.

- 15 Kuthena ngesikhathi sokuba kubusa uSILWANE indodana ka Phakade wathi umuntu oyakubanakala iphethe isihlangu emusindweni inkomo kwangathi umusindo uyaphela emacunwini yena uSilwane waye wathanda namakhwa ngoba kwathi ngempi ka Babatha wase Ngome musukwana kuyothelwa wakhipha amabutho akhe ngezigaba kwathi elamakholwa wathi izazi ngaleyo mihla waphenduka wamunyama suncu. Wayefuna ukulwa naye. Kwathi ngalesi isenzo sakhe wajudiswa ngoba kubonakala ukuthi ufuna impi. Indodana ka Phakade ~~tenye~~ ekanye naye uSilwane uGabangaye owafela esandlwane ngempi ya mengisi nozulu. Amacunu ayelwa noZulu elekelela wona amangisi kulempi yase sandlwane.
16. Kusukela khona ekufeni ka Silwane ka Phakade ka Macingwane izwe lasemacunini alabe lisalunga. Loniwa na yimpi yezindela namathela-mali lapho amacunu ehlukana kabi. Kuthi umakukhona umusindo umuntu ahlome aphelele. Ngoba njalo njena kuzoliwa impi enkulu impela zilwa zodwa lezizizwe ngokwe/<sup>hlu</sup>kana kwezi induna zazo. Zonka zinjalo naba Thembu futhi balwa bodwa nabase Ngome baka Funizwe wakwa Zondi balwa bodwa futhi, base mabomvini balwa bodwa nabakwa Majozi no Sithole unjalo. Ngakokhe una kuyiwa kuvumulwa ngezempi kuphela njena. Abanye bagqoke amabatshi othayela ukuze imikhonto ingasabe isheshe ingene enyameni yomuntu sekuphatwa nemikhonto manjena una kuyiwa emusindweni. Kunabantu bakhanda lezi izinto imikhonto sekulula ukuyikhanda manjena ngoba insimbi isitholakala kalula kwabamhlophe futhi isishibile njena ngoba sebaningi abakwazi ukuyenza futhi seziziningi izikhali zokulwa. Kuqala ukuwukhiphela imbuzi umkhonto lona manjena uyawuhola ngo 2/6d noma ngaphezulu kwelaze macunwini ukhanda kwelase ntanyana ikakhulu. Kumfoka Ndawonde uLonyano nabanye base macunwini futhi izizeze sezizi ningi yibonjalo laba abakhanda imikhonto abazenzayo nezinkemba. Izingubo zempi zakhiwa uFayedwa kwelase Madulaneni kwelaka Dumakude uSikwebu wakwa Mkhanya kunabanye futhi bazi khandawo ngubozempi lezi okunye okuvunulwa ngako iziphuku zezi imbuzi nezigqoko zezinyamazane.
18. Lezi izingubo zothayela zempi abazi thanda, thandi abaningi ngoba ziyasinda uma umuntu esebaleka. ∅ Futhi zivimbela isikuphela nekhandawo yengako abaningi bevunula njengakuqala ngeziphuku. Futhi umuntu azimuvikisi kahle uma elwa nomunye. Iziphuku nezihlangu nobani uyakwazi ukuzikhandela. Kodwa uma efunza esihle isihlangu

unika izinyanga zisakhe. Anahawu ehlukene ubangazane nomubele nenkumba. Isihlangu sikhetha amagabela esemuyama amuhlophe, ase hlophe amnyama esibovu amnyama noma amhlophe. Kuyanjalalo ngokwehlukana kwazo izihlangu nangoku hlobisa nawo amabeshu kunabawa khandawyo ayethengwa kukhona abahambe bethengisa abanye bephuma kwaZulu abanye bephuma kwaZulu nakwezindaweni ezinye. Uma impi isizophumaiye icelwe kunezinyanga ezimele loko. Kukhona izinyanga zenkosi. Nezinyanga zezi nduna zokucela impi kuye kuthi nama goso athenge umuthi wokucela impi ukuze ibenesi bindi umakuliwa ngoba uma kunge njalo ingehlulwa kwasakwa Dumakude isigodi. UBabatha igoso necela impi emadulaneni umbece wase Macunwini kwa Nxamalala uZibokwakhe wakwa Zuma, iye icelwe ngezintelezi inukiswe ngezinhliziyi zezi lwane ezinonya. Icelwa umasekukubi isizodumelana nayilowo nayi lowo unomuthi wakhe esikwameni sakhe futhi awaziyo ukuthi mhlambe ungamusiza injenga mafutha enye ngelezi ukuba umuntu angabonakali asinde bemubekile. Ima impi isizo dumelana iqala ngoku huba ama hubo empikuthi uma isigedile isho iziga iholwa igoso impi liyihlohla ukuba ithukethele nabafana abamcane bezi nkomo bayimpi nesigodi esizane nawo futhi amakhosikazi anjalo. Abafana bona balwa ngezinduku kodwa nalezi izinduku ziyacijwa phambili zishiswe ukuze athi uma ehlabamonye induku leyo ingephuki. Futhi bafaka nezincingo izicijile phambile ukuze athi uma umuntu ehlabangethlabela aqhumelele. Izincingozona zifakwa ezindukwini zokuvika (izimboko) kanti futhi nazo ezokugadla zinjalo ukuze athi uma umuntu ehlabangethlabela aqhumelele ukugwaza omunye ngayo kahle. Kuyinto enkulu kulezi zigodi zase Macunwini ukuphatha izinduku ezinjalo uma kweluswe noma kuhanjwa kushaywa izinyoni nezinyamazane. Umfana ongenayo induku uyathethiswa impela shaywe ehaya.

2½ Nabafana besikole baphatha izinduku ngoba besaba abanye abafana ukuthi bazobashaya. Baye bathi umasebeza ngasesikoleni bazifihle izinduku lezi ngoba besaba otisha. Kuthi ngedina noma ukuphumakwesikole ubone sebedumelana ngokwehlukana ngezigididi. Abakwa Nxamalala ba vamisile ukulwa nabasemadulaneni kuthena ukulwa kwempi yase Madulaneni neyo kwa Nxamalala nezingane zezikole zangena kuleyondaba. Kwathi ekulweni kwabo behlulwa abase Madulaneni.

22

Kanti futhi nakuzo izinsizwa yehlulwa eyase Madulaneni lempi yasuka kanjena kwa kuwumusindo kukhona u Mr. Maphumulo no Mr. G. Mbongwe ama Demonstrator no Mr. G. Xaba imalaria Assistant bebukela. Kuthena umaseliyoshona baletwa ngompongolo utshwala esibayeni njengoba no Mr. Xaba babe abantu abaziwayo ba phumela ngaphandle kwesibaya bona. Kuthena bethi bayaphuza bobathathu emakwesibaya babona isibaya sizakubona. Ukusuka kwabolapho babaleka uMr. Mbongwe kwasala nezicathulo zakhe khona lapho. Wayesathi upholisa izinyawo zakhe. Kuthena ukusuka bamuwusa umfana njalo. Abanye beqa uthango lwesibaya kuthena khonalapho yabaxosha lena eyakwa Nxamalala. Uthena uMr. Xaba ethi uyabaleka elandelwa umfana wase Madulaneni waye wahsayeka phezu kwenkosi kazi. Yaye yalahleka phansi wayedlula yena. Babalapha abakwa, Nxamalala wabona manjena ukuthi uyafa ngoba sebeseduzane naye, waye washayeka phansi bameqanjena.

23.

Bamuhleka njengoba umuntu abamaziyo abanye bamubuza ukuthi ubaleke lani? uMr. Mbongwe no Maphumulo bona bangena endlini ya kwaZuma bacasha khona. uMr. Xaba usemudala noko kodwa ukugijima kwakhe kwamangalisa abantu impela. Nezingane zesikole eziphuma ngakwa Nxamalala zalalelwa izingane zase Madulaneni endleleni zezinkomo zithena zithi ziyabuya zazithela kwafumaniseka ukuthi baziphethe <sup>no</sup> mlaba bakwa Nxamalala bashayana/ko kwafumaniseka ukuthi bancane bona. Babaleka baye baziphosa imfuleni imoi river na mantombazane kwasiza abadala baphuthuma enyula nezingane ezase zemuka kanye nezincwadi zazo. Bathi banga bonaloku baphinda emuva abase

24

Madulaneni kwalimali abanyekumantombazane nakubafana. Induna uSotshangana Dumakade wakukhuza loku kubazali base Madulaneni ukuthi mabakhuze izingane. Azimange zisabuya ezinye izingane esikoleni ngalendaba. Kwabuya kwalwa amantombazane esikole futhi akhona eMadulaneni nawakwa Nxamalala kwathi kanti isikole besi nezingane eziningi notfisha aba thathu kwasalawamunye ngenxa yokuncipha kwezingane esikoleni namhlanjena azisekho ezase Thembu zaphuma unophela nezakwa Nxamalala eziningi zaphuma nezane Madulaneni futhi. Sekubele ezakwa Dumakade kuphela. Akupheli ukulwa abea kwabo ithi uthi kuphelele ubone sebedumelana futhi nasebaleni lesikholo kubanjalo. Noma bedlala ibola kuphela njalo.

S.419  
25.Imikhuba yabafana base Macunwini:

Ukungweka wonke umfana wase macunwini umfumana ephethe

izinduku eziningi nehawu elincane elimulengene. Kuye kuthi uma kuhatshwe inkomo ubone wonke umfana ezocela isikhumba sase busweni ukuba enze ihawu. Use zothi uma ehamba apha the ihawu nezinduku lezo. Ukunge weka loku kwenziwa ngezinduku njengoba ngishilo kuye kusuke aba khulu abafana baqathe abancane ngazo izinduku bayaba fundisa njengoba nabo bafundiswa abakhulu kunabo.

Ukuqathwa kwenziwa uma abafana behlangene kwenziwa futhi emini uma izinkomo seziyi buyile ihlazane. Kuza kuthi umfana uma ezazi

26. induku aqathwe naba dalayena. Kuthi lonaongazi lutho aqathwe nabancane umfana uma elimile kade kungweka alikho futhi icala. Uma futhi ebaleke izinkomene ngoba esaba ukungweka abadala bayamushaya nase khaya bamu phindise kuzo izinkomo. Ngaloko akhekho umfana obalekela ukungweka abafana sebezoku azana khona lapha. Kuzakuthi noma kuliwa kwaziwe ukuthi uma kukhona ubani asinakhwehlulwa. Njengoba abafana besi-godi sakwa Dumakude bebe thembela ku Mashoba umfoka Mbango Dumakude. Kuthi uma engekho bathembe uJutha naye wakwa Dumakude kanye no Magqangqu ka Luthango. Ibona bemise abafana bakwa Dumakude. Emadulaneni uMshiyeni ka Mxapho no Mbulwa wakwa Shezi kanye no Nyonyini ka Nhlebi wase Macunwini.

27. Kwathi ngonyaka ophelile yadumelana yona belu yabafana bakwa Dumakude nabase Madulaneni waye nagekho uJutha benoMashoba kwaku sebusika belande izinkomo emahlangeni ngase Madulaneni. Abase Madulaneni babe phelele bonke kuthena uma ihlangane bamushiya yedwa uMagqangqu babaleka abakwa Dumakude bamuthelekela abase Madulaneni. Uthema noma esewile bamushaya. Kwaze kwasuka uZidum wase Macunwini insizwa yayo lekelela uMagqangqu noko bamushaya izingozi eziningi. Kodwa kwafumaniseka ukuthi ulivike impela ikhanda. Labafana babanga izinkomo ukuthi ezase Madulaneni aziwadli amahlanga alezi zakwa Dumakude kodwa ezakwa Dumakude ziqedisa ezakubo. Kuthena ngomqibelo kuyiwe ediphini yalindana ngakwa Nyosinye kwathi ukuphela kwalo yadumelana engekho uMagqangqu kukhona uMashoba no Jutha. Kwathi laba abashiya uMagqangqu kwayibona besiwa phambili. Yashayana kwawa uMfunwa Majola wawa phansi kwabase Madulaneni kwaba ukubaleka kwabo abase Madulaneni. Yathi uma isingenwa abadala zakuza izinduna.

28



Abakwa Dumakude babaxosha baze bayobafaka ezindlini. Kuthena kuphuzu tshwala kwa M<sub>9</sub>qude Shezi zathi ukubona izinsizwa zase Madulaneni zase zidumela ngisho ukuzwa abafana bakwa Dumakude baze bezwa ngoba sezibashaya izinsizwa zase Madulaneni. Kwaba thukuthelisa abakwa Dumakude loko. Bangingi abathola izingozi emadulaneni no Mfunwa wabuye wasinda kuloko.

Ukusina indlamu:-

29

Kuye kuthi abafana bayileso nayileso sigodi bafunde indlamu ngakusililwa uma kufundelwa umshado. Kuqala ngokusina ezinkulu izinsizwa kuthi nabafana bazilingise bemi ngesithe. Kuthi umase bebodwa bese besina nabo bezwe nezibongo zezi nsizwa ezinkulu bese nabo/<sup>be</sup>zigamba ngazo lezo zibongo. Abanye njalo bathole ezinye ngokusina kwabo. Bese nabo/<sup>be</sup>khethana amagoso okusina. Kuthi ngosuku lokugidwa bese nabo bezisinela bodwa emvakwezinsizwa kusuke abantu sebeyo kuka. Loku kwenziwa abafana ase bewubukayo. Umshado. Kusho asebe qalile ukubodla kuza kuthi uma laba bafana bevutha impela amakhehla abaqambe igama lebutho. Kuthi ngezinye izikhathi kuqadelwane ngama butho ngama butho elehlula amanye lithole udumo uma shesha ibutho lo Jutha.

30

A Umunye umudlalo:

Ukushaya unkatha. Izinkomo zeqelwa ngokushaya unkatha. Unkatha lundlobo ziningi:

- (a) Olwezinduku ngokushaya unkatha. Unkatha lundlobo ziningi. Olwezinduku lelilukene ka thathu.
- (b) Olwamatshe lehlukene ka bile.
- (c) Elokuqashana.

Olwezinduku lumi kanjena elomubeko kuqala olona ludumile ku bafana. Omunye umfana uyaye athathe induku othi ngiyalisho omunye athi ngikuwe nomunye njalo ngokulandelana. Usezothatha induku nalona omunye othena ukuyena. Usezobeka usezoyishaya lona othena uyalisho. Uyibeka eyisusa induku nalo oyishayayo alingen ngawo wonke amasu ukuyi shaya khona kunjalo uma ehlulekile sekuzoshaya okade ebekile.

Ozashaye monye. Sekuthatha olandela yo naye ne usezoshaya.

31. Kuthi oyishayile aphume ahlale kuyothi owehluleke njalo wacina uyena osezokweqela izinkomo lezo. Lolunkatha kuthiwa elomubeko. Kodwa lude lucitha isikhathi inkomo ize iyongena ensewini. Baeba enqale lele abafana ahlale esezazi oyena zimudlile izinkomo.

Olunye lwenduku elomgxunuko. Kuthathwa enye induku igxunyekwe kude sekuzokwenzwa umcele lakuzomiwa khona. Usezothi omunye ngiyalisho esho kowokugala newesi th thu asho njalo kwesibili base baphele inani labo abafana. Kuzothi noma sebejukujela kuqale lona othena uyalusho ukujukujela. Uma ehlulekile kuze owesibile njalo ngokulandelana kuthi oyishayile induku ahambe ayihlome usezo hlala

- 32 phansi yena usephumile./ Benze najlo kuze kusale abemunye uyenake osezoyo kweqela izinkomo kweezinye isikhathi lona leli lenziwa ngenye indlela akulindwana kuthi ome kuqala kulowo mucele usezoshaya abuye alande induku yakhe futhi abuye azoshaya futhi. Lolu lunengozi embi ngoba bayaye bashayane abafana uthi umunye Yesalande izinduku kanti abanye bayajikujela bese bemushaya omunye. Leli kuthiwa elomfobelo

Olunye lenduku kuthathwa induku ibenye kthi othena uyalusho uyena ozoqala ukubamba lenduku ngezandla zombili. Kuthi othena ukuye alandele naye ngezandla zombili nowesithathu enze njalo kuzothi uma induku bengayi ngcinyanga kususe oteke ngaphansi abeke phezu kwalowo ogcinile. Oyingcinyile u induku usephumile yena.

33. Leli kuthiwa elomubambo olontshani x kuye kuthathwe utshani bese nalowo ebamba ngesithupha nangomuye umunwe oyena ebunqmulile utshani bsaalela ngakomunye uyena ophumile. Seku zokuza omnye njengo kkulisho kwabo. Kuthi ogcinile uyena elimehlule uzokweqela izinkomo lufushane lolu luyasheshisa futhi.

Olamatshe: Kuthithwa amatshe ngamaningi impela kuzakuthi elunye bese lumiswa kwelinye sekuzomiwa emunceleni kushaywe lelo litshe. Kuzoqala othena uya lisho ashaye ehluleke k ze olandelayo kuyothi olushayile usezoyo limisa futhi yenake usephumile. Kwenziwa njalo kuze kusala munye uyena esezimudlile izinkomo.

34. Olamatshe futhi elomufobelo kube uma yishayela. Liya lwisa futhi lelo ngoba / kungabe kusabonakala oyena elushayile bese kuze kuliwe.

Abanembayo basheshe baphume bona. Bese kusuka futhi olunye lokugijima bazosuka kanye kanye kuthi oyena obashile usephumile. Kuthi futhi basuke benze njalo kose kusale abomunye uyena ozokwegela izikomo. Kwesinye isikhathi babambane kuthi oweise omunye usephumile yena. Kuthi ongena mandla uyena ozoyo kwegela izinkomo sekusuka eloqashana loxdwa uma seliyoshona sebediniwe kulolu kuyakhethwa uqasha omuzondayo nomeyisayo. Ingqele zingobe zisanyakaza kulelo ngoba ba yesaba ukuzi qasha zona. Lize liyoshona besebenza.

35 Ukuvukuda: Kuthi musukwana lishisa ilanga izinkomo zishiwe kwaba mane abafana ngelinye ilanga zibekwe abakhulu abafana bancane abahambi bodwa bahamba nomunye omokhulu okwaziyo ukusiza uma omunye esegcila phansi. Kuzakuthi futhi uma bebukusha abafundise yena ukuthi ku enziwa njani. Kulabo aseke kwazi kancane baye ngoku shona kwesiziba.

Omunye umukhuba wabo ukucela incalele. Kwaba nye abafana, kuzothi omunye athi woza uyithathe kuthi uma eshonjalo bashayane kuzakuthi uma omunye esediniwe athi maluju. Sewu kuyeke lana kwabo lapho. Omunye futhi umdlalo owokuthi welama elani omunye athi se elamadoda. Owesabayo bathi elamakhosikazi sekuzothi oyena welamatshe avike yena. Uzothi angathi maluju bamiyeke.

36 Ukudla iphaphu: Lona umudlalo omukhulu wabafana kuthi ~~masw~~ musukwana lizodliwa abafana bazisane zonke indawo. Abakwa Dumakude balidla bodwa ngoba abanye bafana bakwe zinye izigodi baye besaba abakwa Dumakude baningi futhi banamandla kuzothi uma selikhishiwe bahambe nalo. Iyingwele zokwa Dumakude uJutha eyona idumile naye futhi uma shoba. Umaggongqu uyalandela. Ibona ebebe memezela sonke isigodi zakwa Dumakude bebe memabaze bameme nase simumu. Ngalelo langa kuba usuku olubi lwempi kubafana. Unkanta luvutha umlilo ngaleyo mini. Nokugatha abafana kuvuthe kuzakuthi uma selidliwe iphaphu kuhlaselwe ezinye izigodi.

37. Ukudliwa kwe paphu kunjena. Kuthiwa ungihlane wona owezingqo-wele kuza kuthi amafutha akungihlane kube yiwona ezofakwa emumizweni. Umuminzo uthathwa amaghave. Uyaye uhlonye endukwini kuthi ozizwa yo uthathe noma ewaliphi ibutho phela kuhamba ngama butho. Kukhona elincane nabadala babodwana. Abafana ba ba khona nakugalo womadoda nese nhlakweni bakhona na bofuthi.

419

K13/21

12X

Omunye futhi umdlalo wabafana umufana waphansi kumbiwa umgodl ulingane isandla kuzkuthi uma sebe bona ukuthi mude bese kufakwa umunye umfana kuwona sebemqiba lomfana. Baqiba isandla sakhe kuphela noma yisiphi.

38

Uma sebe mqibile sebezothi/<sup>ma</sup>ka khiphe isadla uma edluleka sebe mulekhela noma into ayesabayo umfana lo usezo zama ngawo wonke asandla akhe aze akhiphe omunye ngesi nxele sakhe aze aphumelele impela.

39

Omunye ikanyezi yase mini. Kuthathwa umlila bathi wenziwe ingaba bese kuthathwa izinti kuza kuthi uthi ololodwa lufakwe kulenqwaba phezunayo, Muthi ezinye zifakwe emaceleni kulolu olulodwa luphaswe ngolunye ukuba lucuphe. Kuzothiwa omunye umfana maka lume uthi oluphakathi uzothi uma ethi uyaluluma bathinte lele abalucuphile bese bemuthela ngomhlabathi emubonyeni nasemehlweni. Omunye iqanda lenjelwane. Kuyaye kuthathwe noma ufezela embelwe umugodi. Kuza kuthiwa kulona omunye kuhle ayokwegela izinkomo ukuze angaboni ukuthi kwenziwani. Uzothi uma usumukhulu umgodl bawu fake ufezela lomfana usezobizwa kuthiwe makambe kulomgodl ungathithi kunento enhle ekhona. Uzothi ethi uyembe abambe ufezela lowo, usuzomu luma impela kakhulu. Akufakwa ufezela yedwa kufakwa nokunye akungahle kumuzwise ukululungu umfana lona. Yingakonjena lababafana izinhliziyozabo sizifane nezizilwane abasheshi ukuzwela ubuhlungu nokuhluphepheka kubona sekuyinto enhle njena. Nabazali abana ndaba nabo ngoba ukuhlakanipha kwabo.

END 419.